Lona nguMukona. Intombazana eneminyaka eyisishiyagalombili.

Lona nguMashudu. Umfana oneminyaka eyisishiyagalolunye.



Bazonikhombisa izindlela ezahlukene zezinto ezenziwa ngabafana namantombazana bamaVenda.

UMukona uyintombazana, ngakho uma ekubingelelela uthi "*Aa!*".


Uma ubingelelela yena, uphendula ngokuthi "*Aa!*".




Lena yindlela yokubonisa ukuziphatha okuhle nenhlonipho.

UMashudu ungumfana, ngakho uma ekubingelelela uthi "*Ndaa!*".

Uma ubingelelela yena uphendula ngokuthi "*Ndaa!*".




Wenza lokhu ukubonisa inhlonipho njengoba uMukona enza.

Uma uMukona noMashudu bebingelela noma benikeza abantu abadala ukudla noma iziphuzo, babonisa inhlonipho.




Amantombazana ayakhothama, abafana bayaguqa. Lokhu kubonisa ukuziphatha okuhle.

Udadewabo omdala kaMukona usesikoleni samasiko abasibiza nge-*khombani*.



Umama wabo uthi lena yindawo efundisa amantombazana ukuthi aphathe imindeni yawo kanjani uma eseshadile. Bafundiswa nangokupheka.

Ubhuti omdala kaMashudu usebuyile esikoleni sokusoka abasibiza nge-*mulani*.



Ubaba wabo uthi lena yindawo lapho abafana befundiswa khona ngobudoda. Nangokuthi bazoyinakekela kanjani imindeni yabo ngelinye ilanga.

AmaVenda aziwa ngokusinda izindonga zezindlu zawo naphansi ngobulongwe benkomo. Lokhu kwenza izindlu zabo zibukeke zizinhle kakhulu.



UMukona noMashudu bajabulela ukusiza.

Abafana bamaVenda basina i-tshikona. Basina ngezikhathi ezikhethekile noma uma bezithokozela nje.



UMashudu umfana omncane kunabo bonke, kepha usina kahle i-*tshikona!*

Ukusina okujabulisayo!

Amantombazana amaVenda asina i-*domba*. Asina i-domba ebukhosini ngezikhathi ezikhethekile.



UMukona intombazana encane kunabo bonke, kepha usina kahle i-*domba*!

Ukusina okujabulisayo nakho!

Abafana namantombazana banomdanso owodwa ofanayo abawudansa kanyekanye. Lo mdanso bawubiza i-*tshifase*.

Lo mdanso bawudansa begqoke imvunulo yabo yesintu abayibiza i-*mingwenda*.



BBonke abantu bahalalisela uMukona noMashudu uma benza umdanso i-*tshifase!*

AmaVenda abantu abahloniphayo futhi abanesiko elihle kakhulu.



UMukona noMashudu bayaziqhenya ngokuba ngamaVenda!